


IBandla EliKhohliswe,

NguMhlaba

 UJesu Khristu, iNdodana Yakhe, futhi wasinika izinto zonke ngesihle kuKhristu. Silokubonga Kuwe, Nkosi, ngamathuba amahle lawo esiwaphiwa ngalowo uMhlatshelo omkhulu lowo uJesu asipha wona eKhalvary, owasibuyisanisa ebudlelwaneni njalo lesisa kanye Lawe, ukuba sibe lale induduzo yokwazi ukuthi kulotshiwe, “Nxalalala Kimi, laMazwi Ami kini, lingacela elikufunayo, kuyakwenziwa kini.” Manje, silokubonga ngalokhu, futhi sikhuleka ukuba Wena usiphe ukukholwa ukukukholwa ngakho konke okukithi.

² Manje masibeke eceleni, Nkosi, umtshikatshika wonke walolusuku, umnako wonke walokhu kuphila, indlela yonke kusukela kulowo ogcinayo kusiya kumalusi, ukuba kungabi lalutho emicabangweni yethu manje, kodwa sibe silindile, silalele ngokuhlonipha ukuba uMoya oNgcwele akhulume kithi, ukuze sifeze ulutho oluhle, ukwazi okukhulu Ngawe, ngokubuthana kwethu ndawonye. Ngoba, Nkosi, ngeqiniso yikho sibuya ngalolu usuku olutshisayo. Khuluma lathi ngeLizwi Lakho eliphilayo, futhi vumela iLizwi eliphilayo libe phakathi kwethu futhi lhlale phakathi kwethu, ukuze sibunjwe njalo sifakwe esimweni, hatshi okomhlaba, kodwa siguqulwe ngokwenziwa batsha komoya wethu, esimweni seNdodana kaNkulunkulu. O, inhliziyo zethu ziyathuthumela lapho sicabanga, futhi lentokozo igcwalisa imiphefumulo yethu, ukwazi ukuthi singabizwa ngokuthi amadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Simi eduze lokuBuya Kwakhe okwesibili, futhi izizwe zonke lemibuso yonke zithuthumela phansi kwenyawo zethu, zonke izinto zomhlaba ziyanyamalala, kodwa sisazi ukuthi ngelinye ilanga Yena uzakuza futhi asiyise eMbusweni lapho okungasoze kube lokuphela, kumbe, awusoze wanikinywa. Futhi ukucabanga ukuthi khathesi singa—singamalunga alowoMbuso! O Nkulunkulu, soka inhliziyo zethu lendlebe zethu lamuhla, ngo—ngo Moya oNgcwele, ngokugeza ngamanzi eLizwi. Ngoba sikucela ngeBizo Lakhe langenkazimulo Yakhe. Amen.

³ Ngifisa ukufikelela esifundweni kulokhu ukusa. Ngoba, bengizakhuluma phezu kweyinye into eyahlukileyo kancane aluba bekuzakuba lenkonzo yokuphilisa, kodwa simemezele ukuba amakhadi okukhulekelwa anikezwe ngelesitshiyagalombili, kuzekube ngelesitshiyagalombili lengxenye kumbe elesitshiyagalolunye nta. Futhinje ngi... UBilly uze endlini imizuzu emilutshwana edluleyo njalo uthe

bekungelamuntu phose lapha, ngakho kazange aphe amakhadi okukhulekelwa. Ngakho siza...Ngicabange ukuthatha lesisifundo sokuthi, okokuqondisa ibandla. Futhi ngifuna ukukhuluma ngesihloko sokuthi: *IBandla EliKhohliswe, NguMhlaba*. Ngithanda ukubala manje eBhukwini LaBahluleli, isahluko 16, kuqala ngovesi 10.

UDelila wathi kuSamsoni, Khangela, udlale ngami, wangitshela amanga: manje ake ungitshela, ngiyakucela, ungabotshwa njani.

Yena wathi kuye, Uba bengangibopha bangiqinise ngamagoda amatsha angazanga asetshenziswe, ngizakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

Ngakho uDelila wathatha amagoda amatsha futhi wambopha ngawo, wathi kuye, AmaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni. Abacathameli babehlezi endlini engaphakathi. Wawaqamula njengomxeba engalweni zakhe.

UDelila wathi kuSamsoni, Kuzekubekhathezi udlale ngami, wangitshela amanga: ngitshela lapho ukuthi ungabotshwa ngani. Wathi kuye, Uba useluka... amagoda ayisikhombisa ekhanda lami, ngezintambo ezelukiweyo.

Wawabethela ngesikhonkwane, wathi kuye, AmaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni bakhe, wangcothula wahamba lezikhonkhwane kanye lentambo zokwaluka.

Wasesithi kuye, Ungatsho njani, ukuthi ngiyakuthanda, lapho inhliziyo yakho ingekho kimi? ungikhohlisile lezi izikhathi ezintathu, futhi wa... ngitshela ukuthi amandla akho amakhulu angaphi; futhi awungitshelanga ukuthi amandla akho angaphi.

Kwasekusithi, lapho emcindezela insuku zonke ngamazwi akhe, futhi emkhuthaza, wakhathazeka umphefumulo wakhe kwaze kwabasekufeni;

Wamtshela yonke inhliziyo yakhe, wathi kuye, Akuzanga impuco ekhanda lami; ngoba ngibe ngumNaziri kaNkulunkulu kusukela esiswini sikamama: nxa ngiphucwa, amandla ami azaphela, ngizakuba buthakathaka, ngibe njengomunye umuntu.

Kwathi lapho uDelila ebona ukuthi umtshela yonke inhliziyo yakhe, wathuma wabiza... amakhosi amaFilistiya, esithi, Wozani ngapha masinyane, ngoba usengitshengise yonke inhliziyo yakhe. Amakhosi amaFilistiya eza kuye, badinga imali kumbe baletha imali esandleni sakhe.

Wamlalisa ubuthongo emadolweni akhe; wabiza umuntu, wamenza waphuca amagoda ayisikhombisa enwele zekhanda lakhe; wa... waqala ukumhlupha, amandla akhe asuka kuye.

Wathi, AmaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni. Wavuka ebuthongweni bakhe, wathi, ngizaphuma njengakwezinye izikhathi, ngizinyikinye. Kodwa kazanga ukuthi INKOSI yayisimtshiyile.

⁴ Manje ngithanda ukubala, ukuze sithole isihloko salesi sifundo, esitholakala eBhukwini leSambulo, isahluko 2, kuqala ngamavesi 21 lo 23.

Futhi Ngamnika ithuba lokuthi aphenduke ekuphingeni kwakhe; njalo kaphendukanga.

Khangela, ngizamphosela embhedeni, lalabo abay enza labo ubufebe ekuhluphekeni okukhulu, ngaphandle baphenduke emisebenzini yabo.

Ngizabulala abantwana bakhe ngokufa; lamabandla wonke azakwazi ukuthi Yimi engihlola izinsio lezinhliziyo: futhi Ngizakunika lowo lalowo wenu ngokwemisebenzi yakhe.

Ngabe iNkosi ingengeza izibusiso Zayo ekubalweni kweLizwi Layo.

⁵ USamsoni, okufana kakhulu njengebandla, waqalisa kuhle. Waqalisa ngendlela eyiyo. Waqalisa, njalo wabizwa ngokuthi iqhawe elilamandla. Waqalisa, esebenzela iNkosi, egcina aMazwi Ayo esenza leMilayo Yayo. Futhi lokho kungani kufanana lebandla. Laqalisa, njengoba singatsho, njengokukhuluma komhlaba, laqala ngonyawo olulungileyo. Laqala ukugcina iMilayo yeNkosi. Lapho uSamsoni wayelandela iNkosi, iNkosi yayimsebenzisa uSamsoni.

⁶ Ngoba, uNkulunkulu angagcina loba ngubani asebenzise lobangubani omlandelayo Yena, ngoba ngumsebenzi kaNkulunkulu. Kodwa nxa siphambukela eceleni, khatshana lezinto zikaNkulunkulu, ngakho uNkulunkulu angeke asabisenzisa futhi. Nxa singahamba ngokuqinileyo ngeMilayo kaNkulunkulu, lapho sihlala emakhasini eBhayibhili futhi sikhonze ngeLizwi elilotshiwewo, simkhonze Yena ngoMoya langeQiniso leLizwi, uNkulunkulu angasebenzisa loba ngubani. Kodwa nxa bethatha umqondo wokuphambukela eceleni belandela okunye, ngakho uNkulunkulu angeke abesasebenzisa lowomuntu futhi.

⁷ Ngakho, uSamsoni u—uba ngumfanekiso ocacileyo webandla lamuhla. Lapho ibandla liqalisa, uNkulunkulu wayelisebenzisa ibandla, ngoba ibandla lalihamba liqaphele iMilayo yeNkosi, ligcina zonke izahlulelo Zakhe lezimiso Zakhe, lenza yonke iMilayo Yakhe. Futhi uNkulunkulu wayelebandla.

Kodwa kukhangeleka kungathi kule ndawo ebuthakathaka kangako phakathi kwebandla.

⁸ Khumbula, kasikho phakathi kwamadlwane, kodwa sisenkundleni yempi. Abantu abanengi bacabanga ukuthi nxa besiba nguMkhristu ukuthi yikho kuphela abadinga ukukwenza, lokuthi izinto zihle zilunge kokuphela, njengoba benguMkhristu lezinto zonke zenzeka kalula. Ungacabangi njalo. Ngoba, ngiba nguMkhristu ukuba ngilwe, ngilwe impi enhle yokholo. Ngiba nguMkhristu, ukuthi ngingene emfolweni wempi. Singamasotsha esiKhristu, futhi kumele sifundiswe sikhuliswe, sazi amaqhinga wonke esitha, sikwazi ukuvika, sikwazi ukuthi si—silwe njani impi. Futhi lokho singakwenza lapho uMoya oNgcwele esambulela. Singeke sathatha esikutshelwa ngesinye isizwe lapho sisiya empini, eminye yemiqondo yabo. Kodwa kumele sithathe imiqondo yethu, indlela uMoya oNgcwele asiqondisa ngayo, lemiqondo asinika yona Yena, ngoba Yena uyiNduna eLawulayo yebutho lamaKhristu.

⁹ USamsoni wenza kuhle, wayengumuntu omkhulu waze waqala, waqala ukungathi (singakubiza) ukudlala, waze waqala ukuphuma egumeni lakhe. Futhi lebandla lalihamba kuhle, futhi lilungile laze laqala ukuphuma egumeni lalo. USamsoni waqala ukudlalisa. Wayengadlalisa lamantombazana akoIsrayeli, waqala ukudlalisa lamantombazana amaFilistiya.

¹⁰ Njalo kuyafanana lalokho ibandla elakwenzayo. Alizange liqale ukuthandana labantu balo, lalandela abangakholwayo laqala ukudlalisa labangakholwayo. Yikho lapho esenza khona elikhulu, elinye lamaphutha amakhulu, kulapho ibandla liqala ukwenza izinto ezazingalunganga. Laqala ukuhambisana, njengo Samsoni, labantu abangalunganga.

¹¹ USamsoni, nxa kuphela wayephakathi kwabantu beNkosi, wayesenza kuhle. Kodwa lapho eqalisa ukuhambisana labantu abangalunganga, ngakho wangena enkathazweni.

¹² Futhi kunjalo ngebandla. Lapho ibandla lilandela ngenhlonipho lansuku zonke ukuhola kukaMoya oNgcwele, uNkulunkulu wababusisa, izimanga lezibonakaliso lezimangaliso zalandela ibandla. Kodwa lapho liqala ukuhambisana lababi, kanye lomhlaba! Enye yezinto ezimbi elazenzayo, lezinto zokuqala elazenzayo, laqala ukuhlela inhlanganiso, lisehlukana ubudlelwano phakathi kwamanye amakholwa, ngoba bafumana ukuthi izizwe zazihleliwe. Kodwa leliVangeli elikhulu alinikezwanga esizweni esisodwa kumbe umhlobo owodwa wabantu. Linikezwe ku “lobangubani ofunayo, makabuye,” izizwe zonke, imihlobo, izindimi, labantu. UNkulunkulu kazange asimisele ukuba sibandlululane.

¹³ Kodwa abantu bafuna ukufanana, bayazilinganisa, kumbe ukulingisela, ukuhamba njengo—njengoba umhlaba usenza, ukukhuluma izinto abazenzayo, ukuphumelela

ngendlela abaphumelele ngayo. Singeke saphumelela sisenza okwenziwa ngumhlaba. Siba lokuphumelela lapho silandela izimiso zikaNkulunkulu langendlela Yakhe yokwenza izinto. Singeke saba, ngokuzifanisa lomhlaba. Nxa inkampani yegwayi ibelokuphumelela kwayo okukhulu ngethelevishini, lamaxuku ezotshwala labowiski bephumelele kakhulu ngokusebenza kwethelevishini, ayisiso sibonakaliso sokuthi ibandla lingaphumelela ngethelevishini. Ukuphumelela kwebandla kuhlezi ekutshunyayelweni kweVangeli, Amandla kaNkulunkulu, langokubonakalisa kukaMoya. Singeke satsho ukuthi ngoba ithelevishini yenzela *okuthile-lo-kuthile* inkampani yegwayi la—lamanye amankampani! Kasila Mbhalo ukuba sizame ukuzilinganisa lalabo bantu. Futhi nxa sikwenza, singadonsa inani elikhulu labantu, kodwa akusikho uNkulunkulu asimisela ukuba sikwenze. Sicabanga ukuthi siyikho konke, siphakeme, izinhlanganiso ezinkulu, sibangela izinto ezinkulu ezicazimulayo ukuba zenzakale, ukuthi yikho ukuphumelela. Sifa nsukuzonke simi ngezinyawo zethu, sitsho ngokomoya! Nxa besimi siyizigidi ezilitshumi siqinile ekuseni lamuhla, loMoya oNgcwele engekho kithi, singenza ngcono simi silitshumi siqinile siloMoya oNgcwele phakathi kwethu. Singeke sazilinganisa lomhlaba.

¹⁴ Futhi ezinye zezinto zokuqala, zaziyi, ibandla laqala ukuzihlela. Inhlanganiso yokuqala kwakulibandla le Khatoliki, kwasekusiza ibandla leLutheran. Lapho behlela ebandleni leKhatoliki ukuyenza inhlanganiso, kwelinye ilanga kwaba lesimemezelo, “AmaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni,” futhi uSamsoni waqamula izibopho zebandla leKhatoliki, uMartin Luther waphuma, kanye lezinhlanganiso.

¹⁵ Ngako babopha ibandla ngenye intambo, njengoba wenza uDelila. Futhi baqala...kulokuba babe lomuntu obizwe nguNkulunkulu, umuntu obizwe nguMoya oNgcwele; mhlawumbe engazi oABC bakhe, kodwa besazi uKhristu. Yikho ibandla laqala ukuba lezitayila, baqala ukulingisela izikhulumi zabepolitiki. Futhi bapha abatshumayeli babo “idigri lobudokotela,” umuntu wonke waba nguDokotela weNkolo. Kwaba ngenye itambo yokubopha ibandla. Amadoda ayahamba esiyafunda, isikolo ngasinye sizama ukuveza umfundi ongcono ukuze amasonto abo aziqhenye, “UMelusi wethu nguDokotela wezeNkolo.” Futhi benzani? Omunye uzama ukuba lolwazi oludlula olomunye. Hawuke, lokho akutsho lutho phambi kukaNkulunkulu.

¹⁶ Futhi akudingakali umuntu ukuba azame ukuthatha ulwazi lwakhe lwasemhlabeni njalo athokozise uNkulunkulu ngalo. Luyisinengiso phambi kukaNkulunkulu! Awungeke wathokozisa uNkulunkulu ngezifiso lolwazi lomhlaba, ngoba “kuyibutha kuNkulunkulu,” utsho uMbhalo. Angeke akwenze.

¹⁷ Futhi ilowo lalowo uzama ukuba lolwazi lonke. Bayakwazi nje ukuthi benzeni njalo lamazwi okutsho, futhi kusuka nje kube yinkulumo yepolitiki kulokuba ngamandla abonakalisiweyo, woMbiko kaMoya oNgcwele otshona enhlizweni yomuntu futhi abone izono zakhe. Bafundele inkulumo zepolitiki, futhi kasidingi lokho. UPawuli wathi, “ILizwi leza kithi, hatshi kuphela. . . kumbe, iVangeli, nge Lizwi kuphela, kodwa ngaMandla njalo lokubonakaliswa kuka Moya oNgcwele.” Lokho kwaletha iVangeli, libonakalisa amandla kaMoya oNgcwele! Kodwa wonke lawo madoda ayahamba ezikolweni zenkolo futhi bafunde imfundiso ezinkulu, ukuthi bangama njani phambi kwabantu, bangazethula njani bona, bangaqgoka njani futhi baziphathe njani, akumelanga basebenzise ukukhulunywa kolimi okungayisikho. Manje, lokho kuhle enkulumeni yepolitiki, kodwa kasilandeli amazwi abantu ahlabusayo. UPawuli wathi, “IVangeli engilitshumayelayo kalibuyanga njalo, kodwa Lona labuya ngokuvuselelwa kuka—kuka Moya oNgcwele laMandla okubonakalisa.” Kakubuyi ngenkulumo ebunjiweyo kuhle, ukuba kuyabe kuyikuhlakanipha kwakho, kumbe ukwethemba kwakho kuyabe kuse nhlakaniphweni yomuntu. Kodwa leza ngoku bonakalisa Amandla kaKhristu ovukileyo. Yilo iVangeli, “Ukumazi Yena eMandleni ngokuvuka Kwakhe.”

¹⁸ Ilowo lalowo uzama ukucabanga ukuthi uhlakaniphe ngcono kulomunye umuntu, inhlanganiso ngayinye. AmaMethodisti bazakuthi, “Silayo indoda ehlaniphe kulawo wonke.” AmaBhaptisti bazakuthi, futhi ibandla likaKhristu, lokunjalo, bona bonke, “Thina, yithi abahlakaniphe kakhulu. Thina, abethu—abethu abantu, asiyekeli nje umuntukazana nje aphume phandle njalo atshumayeke iVangeli.” Kodwa bayazikhethela bona. (O Nkulunkulu, yiba lomusa!) Bayazikhethela bona; nxa sebefundiswe ngemfundiso yabo ethile, bayabafaka ebandleni. UNkulunkulu angeke amthinte loba ngayiphi indlela. Ngifuna lowo ozangitshumayeza okhethwe nguMoya oNgcwele, ovuswe nguNkulunkulu, hatshi okhethwe ngumuntu kumbe inhlanganiso.

¹⁹ Ulwazi kuphela! Batsho njalo, “O, sonke siyakwazi Ngakho,” futhi abanye babo kabakwazi lakancane ngoMoya oNgcwele. Bayawala Wona.

²⁰ Kungikhumbuza mina ngebhuku elincane engalibala ngelinye ilanga eCalifornia, phose iminyaka elitshumi edluleyo. Ngolidobha esitolo samabhuku esidala. Ngiyakhohlwa ukuthi labhalwa ngubani. Okulibhukwana okuncinyane nje kwamasenti alitshumi, kodwa lalilengqondo kulo loba kwakungani yinsomo lobuqili. Kodwa, ngathola enye into phakathi lapho eyayizwakala njengoNkulunkulu, kimi. Futhi enye yezindaba ezincinyane yaqala kanje. Ngokunye ukusa esibayeni esikhulu senkukhu, kwakukhona iqhude elithile

elincinyane elacabanga ukuthi lalilolwazi lonke olwake lwaba khona ukuthi lwaziwe. Ngakho laphaphela ebhokisini njalo latshayelela umlomo walo omncinyane ebhokisini, kane kumbe kahlanu, laphosela emuva ikhanjana lalo futhi lakhala ngendlela ongazake ulizwe iqhude likhala ngayo. Futhi abanye, labakhanga, futhi lathi, “Makhosikazi labo mnuzane balesi sibaya senkukhu, ngithanda ukukhuluma lani lonke ngalikuseni ngohlelo oluthile olukhulu lwemfundo esilusungulileyo.” Lathi, “Ngidinge ulwazi olunengi ekufundeni kwami,” lapho lidonsela amangilazi phezu komlomo walo. Futhi lathi lona, “senginqume ukuthi thina inkukhu singazenza sibe ngcono ngolwazi olunengi. Ngakho, ngingalitshela ukuthi ngaphi, nxa singagebha njalo sisebenze esibayeni esithile kumbe egodini, sizathola ivithamini elithile elizasenza sikhale ngcono, insiba ezinhlenhle. Futhi, o, ngingalitshela ukuthi singazenza sibe ngcono thina ngendlela ezitshiyeneyo.”

21 Futhi izikhukhukazi ezincinyane zilamagedla azo amancinyane abomvu, zakekela futhi zathi, “akamuhle yini?” Futhi ngeqiniso zalibuka. “O, uliqhude elikhaliphileyo sibili!” Kungikhumbuza abanye balabo lapha abafundisi base kolitshini. “Indoda ekhaliphe kangako! Akula sizatho sokuthi sibe sihlala thina lezinye inkukhu, sonke kumele sihambe lalo.”

22 Awuke, lomfo omncinyane engakaqedi inkulumo yakhe, kwakukhona enye inkukhu eyayingela amaphiko acazimulayo njengalawo, yeza igijima isuka egumeni lonke lesibaya, futhi yathi, “Bafana, umzuzu nje! Ngisanda kuzwa indaba zakhathesi emsakazweni. Inkukhu zikhwelile ngamasenti amane kumpondo, ngakho kusasa siyabulawa! Luyakusiza ngani ulwazi lwakho na?”

23 Mfowethu, lonke ulwazi esingalubuthelela, lusiza ngani? Singamafidi ayisithupha enhlabathi! Sonke siyafa ngama intshi njalo ngemizuzu. Ulwazi lwethu alutsho lutho. Sifuna ukuba mazi Yena. Kodwa bayakwenza lokho.

24 Njengoba ngangikhuluma kwesinye isikhathi esedluleyo ngomzwilili omncane, futhi wacabanga ukuthi wazi lonke ulwazi olwa—olwalumele lwaziwe, njalo wazi kakhulukazi waze watshela yonke imizwilili ngezidalwa ezingabantu. Ngakho yaphaphela ekhejini yayo futhi yaqala ukukhuluma ngezidalwa ezingabantu, ukuthi yazi njani konke ngabo. Futhi, dukuduku, isikhwicamfundo esivela ePurdue seza njalo saqala ukuyikhuluma amazwi aphaltshiweyo, futhi linyoni encane yacwayicwayizisa ngamehlo ayo njalo yatshibilikisa ikhanda futhi... Manje, yayilawo amehlo, yayimbona usikhwicamfundo. Yayilazo indlebe, yayimuza yena. Kodwa, ngempela, yayingakwazi ukuthi ukhuluma ngani. Ngenxayani? Ilengqondo yomzwimlilili. Iyingqondo nje yenyoni. Yikho kuphela elakho. Ayila ngqondo yomuntu, ngakho angeke icabange njengezidalwa abantu.

²⁵ Futhi isidalwa umuntu angeke sicabange njengo Nkulunkulu! Ungumuntu, futhi ulwazi lonke lwemhlabeni alwedluli nje olwenyoni umzwilili. Konke okwenzayo, uyazilimaza ngakho. Kumele ubelengqondo kaKhristu.

²⁶ Isizatho esenza abantu bahambe futhi bajoyine inhlanganiso, futhi bafake ukuxhwawulwa ngesandla kulokuzalwa kutsha, bazama ukweqa ukuzalwa kutsha. Kabakufuni ukuzalwa kutsha. Futhi baya—bayakwazi siyakufundisa eBhayibhilini, ngakho bafuna ukungenisa okunye kulakhonokho. Futhi abantu bamaPhentekhosti babi labo, bazama ukungenisa okunye! Bakufuna ngohlobo oluphambili. Kumele kube luhlobo oluphezulu nje, “Sizaxhawulana izandla futhi sijoyine ibandla, futhi sifafazwe kumbe sibhaphathizwe,” kumbe okunye. Bayesaba ukuzalwa kutsha. Ngiyakholwa kwesinye isikhathi iBranham Thabanekeli isikwesaba khona!

²⁷ Manje, sonke siyakwazi ukuthi ukuzala, angila ndaba ukuthi kungaphi, kumbe ngaphi, ngaphingaphi, kumahlikihliki. Nxa usane luzalwa enqwabeni yamakhoba, esibuyeni esomileyo, kumbe endlini yesibhedlela eeciswe ngephinki, kumahlikihliki, kungelani. Ukuzalwa kwethole, ukuzalwa laloba yini, kumahlikihliki.

²⁸ Futhi ukuzalwa okutsha kuyafanana lobuhlikihliki! Kodwa abantu bomile kakhulu, “Sizahamba lapho abaxhawula khona izandla. Sizahamba lapho abangahlabi umkhosi njalo bakhale khona, futhi batshaye elathini njalo beklabalale.” Ufuna ukuba ngumuntu kakhulu! Esikufunayo yikuzalwa, ukufa uphele, lokho kuletha iMpilo!

²⁹ Intanga, igwili elidala, intanga yegwili, ungalithatha lelo gwili futhi ulifake emhlabathini. Ukuthi uzube lamagwili amatsha, lelo gwili elidala kumele libole. Umumbu awungeke uthethe impilo entsha ngaphandle uze ubole.

³⁰ Futhi owesilisa kumbe owesifazane angeke abe lokuzalwa okutsha ngaphandle kokuba ukuhlakanipha loqobo lwabo kubole, kufe, kufe kuphele elathini, njalo bahlabe umkhosi, abemahlikihliki, kuze kuthi ukoma konke kusuke ekholeni yakho, futhi usuzelwe kutsha ngoMoya kaNkulunkulu. Angilandaba nxa ubongolela, ukhuluma ngendimi, useqa phansi-la-phezulu, ubhakuze njenge nkukhu equnywe ikhanda, uletha iMpilo entsha! Kodwa sangenisa okunye kulakho, sifuna indlela yohlobo oluphambili, ngempela.

³¹ Ngelinye ilanga, ngoLwesihlanu, unkosikazi lami sasisiya esitolo. Angiqondanga ukukhulumakhuluma lokhu. Kodwa sahamba sisehla ngesitalada, ngangilokhu ngitshibilikisa ikhanda lami ngapha langale, abafazi benqunu. Ngathembisa uNkulunkulu lapho ngiyisiphofu, ukuthi engasilisa Yena amehlo ami ngizakhangela into eqondileyo. Futhi ngigcina isiphambano esincinyane silenga emoteni yami. Lapho ngibona

okunjengalokho, ngiyakhangela isiphambano futhi ngithi, “O Nkulunkulu, Leso yisiPhephelo sami,” lapho ngikhangele esiphambanweni.

³² Ngabona labo abesifazane. UMeda wathi, “kasikaboni oyedwa owesifazane namuhla ogqoke isiketi.” Futhi wathi, “Bill, khangela umfazi lowana lapha ogqoke intanjana lezo ezincane phezu komzimba wakhe,” futhi wathi, “ungitshela ukuthi owesifazane lowo kakwazi ukuthi lokho kubi?” Wathi, “nxa engakwazi ukuthi lokho kubi, ngakho uphambene engqondweni yakhe.”

³³ Ngathi, “umzuzu nje, sithandwa. Ungowe Melika, wenza njenga maMelika.” Ngathi, “Ngangise Finland esikhathini esingeside esedluleyo, sithandwa.”

³⁴ Futhi ngabuza khonangale indoda eyangihlalisa phansi, uDokotela Manninen. Futhi sasisiya lapho oku—okugezelwa khona okwempilakahle, okuthiwa yi “sawuna,” futhi bayakungenisa bese bethela amanzi atshisayo, kumbe amanzi phezu kwamadwala atshisayo, futhi kuyakuginqisa nje. Bese ke bekugxumuzela emanzini angungqoqwane, futhi uphume. Bese bekungesa endlwani, futhi kulabo mongingazi phakathi lapho, abesifazane abakhuhla amadoda (futhi bona benqunu), bebabuyisele echibini. Ngala ukungena. Futhi ngathi, “Dokotela Manninen, kubi lokho.”

³⁵ Wathi yena, “Kulungile ke, Mfundisi Branham, kubi lokho. Manje ke odokotela benu beMelika abahlubula owesifazane abenqunu futhi bamlalise etafuleni, bamhlole zonke izitho zensitha—zensitha alazo? Manje ke omongikazi benu ezibhedlela?”

³⁶ Ngathi, “Ngiyaxolisa, Mfowethu Manninen, Manninen, uqinisile.”

³⁷ Yikuyini? Yimikhubo. Lapho ngiseParis ngangingaku kholwa phose khona, ukuthi izambuzi zabelilisa labesifazane kwakundawonye. Angikuzwisisanga khona, ukuthi izambuzi eceleni lesitalada zazinge zabelilisa labesifazane ndawonye. Angikukholwanga ukuthi lapho abesifazane besiya ekhunjini ukuyabhukutsha, umfana lesithandwa sakhe, kabala zindlu zokutshintshela, bahlubula nje impahla zonke bazisalele nje, bese betshibilika futhi baqgoke okuyintanjana futhi basuke bayebhukutsha, kodwa kunjalo. Kabalandaba lakho. Ngumkhubo weFrance.

³⁸ E Africa, abesifazane labesilisa, abatsha labadala, abaqgoki lutho, behamba emafusini. Kabakaze bakwazi ukuthi isambuzi kuyini, kumbe izinto, kumbe kabazake bacatshela omunye lomunye. Kodwa kabawazi umahluko. Umehluko kabawazi. Kodwa yimikhubo yamazwe.

³⁹ Kodwa ngathi, “Sithandwa, thina sahlukile, sivela kwelinye iLizwe. Thina siyizihambi labofokazi lapha, yikho okwenza

into lezi zikhangeleke zizimbi kangaka. Ngoba iBhayibhili lathi, ‘Labo abatsho lokho, abatshoyo, batshengisa ukuthi bayizihambi labofokazi, badinga umuzi ozayo.’”

⁴⁰ Owesilisa kumbe owesifazane ose Italy, eFrance, eAfrica, loba kuliphi ilizwe, okewazalwa kutsha ngoMoya oNgcwele, kenzi lezo zinto. Kabayikugqoka lezo mpahla. Kabasoze baziphathe njengalokho, ngoba bangabakwelinye iLizwe uMbusi Walo lo Menzi enguNkulunkulu. Sivela eZulwini. Umoya ophakathi kwakho, ufuqa impilo yakho. Nxa ungowe Melika, uzenza njengabe Melika. Nxa ungowe France, uzenza njengabe France, futhi uchothoze omunye. Kodwa nxa ungowe Nkulunkulu, uzenza ngendlela abenza ngayo eZulwini, ngoba uMoya wakho uvela Phezulu njalo Wona uyakunqanda wena.

⁴¹ Into encane ongayikhangela. EMBhalweni, labo ababedinga luMuzi omutsha, baziphatha ngokwahlukileyo. Bazitsho ukuthi babe yizihambi labofokazi. Kodwa kuhlangothi luka Khayini, baba zinzulani laba hlamuki. Kodwa amaKhristu babeyizihambi labofokazi. Uzulani kalula khaya, umhlamuki ngumuntu owesabekayo. Kodwa isihambi yinto eqotho, futhi evela elizweni eliqotho kwesinye iSizwe, ezama ukudinga indlela eya eKhaya, evuma ngokuphila kwakhe ukuthi ulento etshengisa ukuthi uvela kwelinye iLizwe. Nanso isizatho.

⁴² Kodwa ke labo bantu abenza njalo, labo bantu abagqoka lezo zinto, mana ngikutshale. E South Africa, lapho ngibona inkulungwane ezingamatshumi amathathu zamahedeni aluhlazatshoko, benqunu, abomdabuko abembathingubo. Itshumi lesithupha-, itshumi lesificaminwembili-, amatshumi amabili obudala amankazana, abafana bengela ngitsho isichibi sempahla, bemi lapho belodaka ebusweni babo, futhi bependile, amathambo ebhoboze amakhala abo, futhi lezinti zezigodo zilenga endlebeni zabo, njalo bebambanise amathambo abantu kumbe athile amathambo enweleni zabo, amazinyo enyamazana elenga phezu kwabo, benqunu njengokuba beza emhlabeni, futhi bengakwazi. Kodwa lapho besamukela uKhristu, futhi bawa ngobuso babo njalo bemukela uMoya oNgcwele, bavuka futhi bagoqa ingalo zabo befihla ihlazo labo esifubeni, lapho besuka futhi badinga izigqoko zokugqoka. Ngenxa? Baba yizihambi labofokazi emhlabeni lo. Haleluya! Babekhatshana Laye. Yebo, mnuzane.

⁴³ O, yebo, laba bantu bazithi bona ngamaKhristu. Bangamalunga amabandla. Bayahamba futhi bethi, “Singama Methodisti. Singama Bhaptisti. Singama Phentekhosti. Singama Seventh-day Adventisti. Siyilokhu, lokhuya, lokunye.” Lokho akula ngitsho nto yokwenza lakho. Umoya wakho, impilo ephakathi kwakho, iyakufuqa njalo ikutshale oyikho. UJesu wathi, “Lizabazi ngezithelo zabo.”

44 Ibandla selibe njengo Israyeli, kuqala. Babona zonke izizwe zama hedeni zilenkosi. UNkulunkulu wayeyi Nkosi yabo. Futhi babona izizwe zamahedeni zile nkosi, ngakho bafuna ukuziphatha njenge zizwe zamahedeni, futhi bazithengela bona inkosi. Futhi bekwenza lokho, bangena enkathazweni. Mbijana mbijana kwaqala ukungena. Mbijana mbijana umhlaba waqala ukunyenyela kubo. Ekucineni kwaphelela kuAhabhu. Inkosi ngayinye nje isondela kukho kancinyane, isondela kukho kancinyane, njalo ekucineni kwakhama impilo yaphuma kubo. Futhi nampo bahamba. Futhi lapho iNkosi eqotho isibuyile, kabamazanga Yena.

45 Yinto efanayo enziwe libandla. Lithethe imikhuba. Nanko ke. Lithethe ipolitiki, imfundo. Lithethe inhlanganiso, iqembu, amabandla amakhulu, abatshumayeli abazigqajayo. Futhi lapho iNkosi eqotho isiza, kabamazi Yena, futhi babethela uMoya oNgcwele oyiNkosi yabo. Kabamazi Yena, kodwa bayamhleka Yena njalo bamenza inhlekisa Yena. Njengama Juda benza uMesiya wabo, ibandla lenza ngedlela efanayo uMesiya wabo. Kabakwazi khona. Kabala kudalula kuka moya, ngoba emehlweni abo bafunde kakhulu futhi lokho abakubonayo, izakhiwo ezinkulu, bazama ukuzilinganisa lomhlaba. Kasikhuthazwanga—khuthazwanga ukuthi sizilinganise lomhlaba. Sikhuthazwe ukuthi sizithobise.

46 Futhi, oyedwa usenengini, kuNkulunkulu. Futhi lamhlanje ekusiliseni abavangeli phandle ezinkundleni, kulomcintiswano, abancintisayo. Omunye uthi, “Awu, busisa uNkulunkulu, ngile nkulungwane ezingaka. Ngilomhlangano omkhulu owedlula elilawo.” Kulo mahluko bani lokho? Silo yedwa kumbe isigidi esisodwa, kwenza mehluko bani lokho? Siqinisekile kuNkulunkulu? Siqinisekile eLizwini Lakhe? Siyama na ngaphansi kokuvivinya kuka Moya oNgcwele? Liqiniso na? Yiyo into eqakathekileyo.

47 Kodwa siyekethisa phezu kweBhayibhili. Abanengi babantu bakithi abePhentekhosti, phezu kwezisekelo zeMfundiso yaleliBhayibhili, bayekethisa. Kule... Angifuni ukulizwisa ubuhlungu. Ngise bandleni lami, futhi ngizwa ukuthi ngi—ngingenza lokho nje, ebandleni lami, ngoba ngitshumayela iVangeli. Kodwa kulamatshumi ezinkulungwane zaba fundisi abePhentekhosti abakwazi ukuthi akulanto enjalo eBhayibhilini eyiku bhaphathiza ebizweni lika “Baba, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Ngipha ingqobe ubhishopu omkhulu, loba ubani, ukuthi angitshengise lapho omunye owake wabhaphathizwa ebizweni lika “Baba, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Kodwa bayayekethisa, ngoba inhlanganiso zenze njalo. Akula ngitsho umuntu oyedwa kuThestamente eLitsha, futhi eminyakeni engamakhulu amathathu emuva, ngembali, kodwa owabhaphathizwa eBizweni lika Jesu Khristu. Kuyini? Inhlanganiso. Yakwenza khona. Ukuyekethisa!

48 Futhi namhlanje bathethe izisebenzi zesitaladini zonke bazisusa ezitaladini. Sebesuse ithamborini ebandleni. Sebesuse yonke inkazimulo ebandleni, futhi baba lentshumayelo yamaseminari, intshumayelo encane endala yogedla lweqhude, bonke belongekile phakathi kukazulu, futhi labesifazane babo begqoke okabhudula lezigqoko ezibabambayo, lamadoda ebhema igwayi, njalo betshova amakhasi futhi bekhuluma insomo ezingcolileyo. Kulihlazo ebusweni bukaNkulunkulu! Ngiyakwazi kulukhuni lokho, kodwa yisikhathi sokuthi omunye akhulume ulutho. Ukuyekethisa, ukuyekelela, ukuziphatha njengomhlaba!

49 Angilandaba lanxa kumele ngime ngedwa, kungela omunye kodwa uNkulunkulu kuphela, ngizatshumayela iQiniso leBhayibhili likaNkulunkulu futhi ngilimele Lona. Nxa ngisifa, ngizalimela iQiniso. Impela. Sifuna iQiniso. Ngizazilinganisa hatshi mayelana lebandla, kodwa ngifuna ukuzilinganisa mayelana leLizwi likaNkulunkulu.

50 Kodwa uDelila, unanzelele yini? Wayekwazi ukuthi uSamsoni waye lamandla. Futhi wayengakwazi ukuthi lawo mandla ayengaphi. Wayengeke atsho ukuthi lawo mandla ayini, kodwa kwakulamandla athile amakhulu uSamsoni ayelawo, futhi wayefuna ukuwafumana. Futhi, lapho uDelila, waqhubeka emhuga uSamsoni ngobuhle bakhe. O, wazigqokisa sibili okukukhanukisayo. Futhi waya phambi kwakhe njalo wamhuga njengalabo abatsha balamuhla, futhi—futhi lokunjalo, futhi efuna ukuziphatha njengento ethile, ozinqunulayo, ezama ukuhugela uSamsoni kuye.

51 Yiyo into efanayo eyenziwe ngumhlaba ebandleni. Manje angaphi Amandla akho amakhulu?

52 “Awu, nxa singahlela, lokho kuzakwephula Amandla.” Ibandla leKhatoliki likwenzile.

53 “Kodwa amaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni.” Futhi uLuther waphuma.

54 Ngakho bahlela njalo. “nxa lingangibopha ngeyinye intambo, izangibamba.” Ngakho bakwenza.

55 “Futhi amaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni.” Kwenzakalani? UWesley waphuma njalo waqamula intambo.

56 “Manje ungikhohlisile isikhathi sonke. Awukwazi ukuthi ngiyakuthanda, Samsoni? Kulungile, ngitshela iqiniso elisenhlizweni yakho.”

“Kulungile, ngibophe ngeyinye intambo.”

57 “Kulungile, manje sizakwenza lokho.” Kuyini lokho? Yintambo yenhlanganiso.

58 “Ngikhulule mina, ukuze ngingabi lenhlanganiso. Ngakhoke, ngiyakutshela, uzangephula.” Ngakho aphuma amaPhentekhosti. Angaphi Amandla akho?

“AmaFilistiya aphezu kwakho.” Futhi waqamula intambo njalo.

⁵⁹ Kodwa manje kwenzakalani? Kubambe amaPhentekhosti, amaDokotela amakhulu eNkolo abelusi babo, athile amadoda amakhulu. Balesikolo esinengi nje futhi lesiko njengamaMethodisti kumbe amaBhaptisti, kumbe loba ngubani kubo abalaxho. Hamba ebandleni futhi awungeke uzwe u “ameni,” bayaqanda nje njenge xuku lamaEskimo khonale e North Pole. Bayaqanda! Abakhathali! “Futhi manje amaFilistiya aphezu kwakho, Samsoni.”

⁶⁰ AmaFilistiya aphezu kwakho, Melika. Bungaphi ubunye bomoya? Bungaphi ubunye bePhentekhosti? amaAssemblies of God, leUnited, le church of God, *lalokhu*, *lokhuya*, *lokunye*, omunye lamunye elenkolo etshiyeneyo, lowu ela *lokhu*, futhi lowu ela *lokhu*. Sehlukene kuze kuthi uyangena edolobheni ukuthi ubelenvuselelo, nxa ibandla elilodwa likusekela khona, abanye babo kabazihluphi ukuyakhona. AmaKhomanisi aphezu kwakho, Melika.

